basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

FEBRUWARI/MASHI 2011

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi angama-21.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Bheka kokuqukethwe ngezansi uphawule izinombolo zemibuzo ebhekiswe emsebenzini owufunde phakathi nonyaka.

3. I-eseyi yakho yemibhalo kumele ibe ngamagama aphakathi kwayi-190 kuya kwangama-240.

4. Emibuzweni emifishane, uzoholwa imiklomelo enikezwe embuzweni ukuthi impendulo yakho kufanele ibe yinde kangakanani.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzweni.

6. Bhala ngesandla esibonakalayo nesifundekayo.

7. Qala ISIQEPHU NESIQEPHU ekhasini ELISHA.

8. Kulindeleke ukuba uphendule imibuzo EMIBILI kunoma yiziphi izincwadi ezimbili. Akungathathwa imibuzo emibili encwadini eyodwa.

9. QAPHELA: Uma ukhetha ISIQEPHU D phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI.

OKUQUKETHWE:

Leli khasi lizosiza abafundi ukukhetha imibuzo abafisa ukuyiphendula.

ISIQEPHU A: INOVELI ***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA***		
IZINOMBOLO ZEMIBUZO	**IMIBUZO**	**AMAMAKI**
1. *Kusinda kwehlela endodeni*	Umbuzo omude	**35**
	NOMA	
2. *Kusinda kwehlela endodeni*	Umbuzo omfishane	**35**
	NOMA	
3. *Umshado*	Umbuzo omude	**35**
	NOMA	
4. *Umshado*	Umbuzo omfishane	**35**
ISIQEPHU B: UMDLALO ***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA***		
5. *Isiko nelungelo*	Umbuzo omude	**35**
	NOMA	
6. *Isiko nelungelo*	Umbuzo omfishane	**35**
	NOMA	
7. *Ababulali benyathi*	Umbuzo omude	**35**
	NOMA	
8. *Ababulali benyathi*	Umbuzo omfishane	**35**
ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE ***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA***		
9. *UNozimoto*	Umbuzo omude	**35**
	NOMA	
10. *Lapho Kukhona Uthando*	Umbuzo omfishane	**35**
ISIQEPHU D: IZINKONDLO ***Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI***		
11. 'Komile Geqe'	Umbuzo omfishane	**17½**
	NOMA	
12. 'Sithandwa Sami'	Umbuzo omfishane	**17½**
	NOMA	
13. 'Kudla Fumuka Kudle Silaza'	Umbuzo omfishane	**17½**
	NOMA	
14. 'Ingqalabutho'	Umbuzo omfishane	**17½**

ISIQEPHU A: INOVELI

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

UMBUZO 1: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

Ziningi izinkinga ohlangabezana nazo uma uyindoda. Veza izehlakalo/izigameko ngokulandelana kwazo ubhekise kumlingiswa onguManyoba uchaze ukuthi ziholele kanjani esiphethweni sale noveli. **[35]**

NOMA

UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

Namuhla uNkulunkulu omkhulu ungenze ngadukela kule ndodana eniyibona lapha namuhla sidwanguza nomkami sesizitshele ukuthi kungcono sifele ezintabeni kunokuba sihluphekele ezandleni zezingane zethu. Lo mfana enimbona lapha phambi kwenu, ziyamazi lezi zingane, ingane kaZakwe ezakhula nayo zingabafana, isiwuMfundisi eMnambithi. Sasingasayiboni thina sabonwa yiyona. Yasibingelela. Savuma. Sathi sithi ibisibingelela nje ngoba ibingelela abantu abadala, cha. Yaqhubeka yasibuza ukuthi siya ngaphi. Sathi: khimilili. Sake sabukana simangele ukuthi ngabe ubani lo mfana osibuza sengathi uyasazi. Ngemuva kwalokho kudideka, umfana wasitshela ukuthi yena ungubani, wakwabani, kuphi nokuthi usengumfundisi waliphi isonto. Sajabula kakhulu ukubona ingane esaziyo endaweni lapho sasithi asizukwaziwa muntu. Lo mfana waphinda wasibuza ukuthi siphokophelephi na? Asikwazanga ukusenga ezimithiyo kulo mntwana. Samtshela inhloso yethu nokuthi siqhamukaphi. Lo mntwana ukholiwe ngeqiniso, wasithatha wasisa emzini wakhe ngoba kwase kuhlwile, salala khona.

Ngaphambi komkhuleko wasebusuku, esasesikade sawugcina sindawonye, waphinda wasibuza futhi ukuthi sihlose ukuhamba nje singaziwa lapho siya khona? Savuma. Waqala umthandazo, waqeda. Ekugcineni wase esiluleka saphenduka izingane ngoba wasitshela ngendawo esiyaziyo futhi esingayicabanganga nasekuqaleni. Ukuba sayicabanga, ngabe asizange sicele usizo ezinganeni zethu, ngabe savele saziyela khona kwasekuqaleni. Lo mntwana wathi kunokuba sidwanguze singaziwa lapho sikhona, yena ubona kungcono ukuba siye kwaSizabantu kwaMaphumulo ngoba khona akucwaswa muntu, kuthathwa noma yimuphi umuntu.

2.1 Ngubani le ndodana uManyoba akhuluma ngayo kulesi siqeshana? (1)

2.2 Yayibasize kanjani le ndodana okukhulunywa ngayo? (2)

2.3 Yini eyenza lo baba okhulumayo athi:

"Ukuba sayicabanga, ngabe asizange sicele usizo ezinganeni zethu."

Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

2.4 Shono ukuthi yini lena eyenziwa kwaSizabantu. (2)

2.5 Kusho ukuthini lokhu okulandelayo ngokwalesi siqeshana?

2.5.1 Ukusenga ezimithiyo (2)

2.5.2 Ngadukela (2)

2.6 Ukube UManyoba noMaNdlovu kwakungabazali bakho, wawuzokwenzenjani njengoba babengasakwazi ukuzisebenzela nje? Sekela impendulo yakho. (2)

2.7 Ingabe uCeli wagcina emtholile yini uyise? Chaza ngamaphuzu AMATHATHU. (4)

2.8 Ngabe yiqiniso noma ngumbono ukuthi isimo senhlalo yisona esenza ukuthi uManyoba ashiye ekhaya aye eGoli? Sekela ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.9 Chaza ukuthi lutholakala kuphi uvuthondaba kule noveli. (3)

2.10 Kwamsiza kanjani uManyoba ukufunda? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

2.11 Ngubani umlingiswa osemqoka kule noveli? Usho ngani? (2)

2.12 Bhala igama elisesigabeni sesibili elisho ukuhamba ungazi lapho uyakhona. (1)

2.13 Uthini umyalezo otholakala kule noveli? (2)

2.14 Kwenzekani esiphethweni sale noveli? Bhala izinto EZINE. (4)
[35]

NOMA

UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu

Abantu abangasekho/abashonile bavamise ukuba namandla ekuphatheni impilo yethu. Veza izehlakalo/izigameko ngokulandelana kwazo ukufakazela lokhu. **[35]**

NOMA

UMBUZO 4: *UMSHADO* – N Zulu

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

"Hawu, kanti uwe Bhek'zana!"
Ethuke uBheki. Umemeza nje uTholi uyayibamba insizwa le. Athi uyaxwaya uBheki, imiqabule imsheshise intokazi. Ezwe iphungana sengathi elotshwala uBheki.
"Hlala phansi wakwami sixoxe."
Athi ehlala phansi uBheki, uTholi yena abe ekhipha izithelo, amaswidi neziphuzo abeke etafuleni. Kusobala ukuthi izinto ezisale kulokhu obekuhlinzeke abakhongi. Yiyo leya intokazi isiqukula uBheki imjikijela embhedeni. Aze ahleke uBheki manje. Cishe bawa phela.
"Kahle Tholi ngamawala. Kwenzenjani?"
"Ukuthi ngijabule kakhulu mntakwethu." Isho intokazi ilandelise ngokumanga uBheki.
"Ujatshuliswe yini?"
"Ubungathi ngiyaphupha phela ngibona abakhongi. Ngangithi uyadlala Bhek'zana uma uthi sizoshada." Athathe isiphuzo uBheki, aqhabule. Ucabanga ukuthi konje indaba yelobolo uzoyifaka kanjani. Okunye okumxakayo yilesi simo uTholi akuso namuhla.
"Ngizwa ngijabule kabi uma ngihleli nawe mntakwethu."
"Nami ngiyajabula Tholi."
"Nanku uswidi Bhek'zana." Awemukele uBheki. Adle. Awuthathe noTholi. Asukume enezele isiphuzo. Ugqoke isiketi esivulekile uTholi; sidle ngobufushane. Athi eqeda ukuthela isiphuzo uTholi, anamathele kuBheki. Amange.
"Bafice bani owakini abakhongi Tholi?"
"Abaficanga muntu, ngaphandle kukaZenze nomzala wakhe." Ethuke uBheki. Afise sengathi ngabe kukhona into eyisiqiniseko ezokhombisa ukuthi ukhokhe imali engaka.

4.1 Yini abakhongi? (2)

4.2 Ngokwesiqeshana, yini lena eyayijabulise uTholi? (2)

4.3 Yini eyayixaka uBheki ngesimo sikaTholi? (2)

4.4 Yimaphi amalungiselelo enziwa nguTholi ngenkathi uBheki efuna ukumlobola njengoba wayengazi kubo kaTholi? (2)

4.5 Abakhongi bafica bani ngesikhathi bezolobola uTholi? (2)

4.6 UTholakele noZenze bahlobene kanjani? (2)

4.7 UTholakele wayengumfelokazi. Uyavuma noma uyaphika? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

4.8 Kungani unina/umama kaBheki benomalume wakhe babengavumi ukwamukela uTholi? (2)

4.9 Ngabe iqiniso noma umbono ukuthi uSifiso wayazi okuningi ngoTholi? Sekela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

4.10 Ngenkathi uBheki efikelwa umqondo wokubuyisela uTholi esikoleni, yisiphi isizathu sokwenqaba esabekwa uTholi? (2)

4.11 Chaza ukuthi yini eyayibangwa uBhatomu noBheki ngenkathi uBheki eshaya ngesibhakela ebusweni bukaBhatomu. (3)

4.12 Bamshaya ngani futhi bamshaya kuphi uBhekani ngenkathi ephuma kwaTholi? (2)

4.13 Wayezokwenzani uZenze kubo kaBhekani? (2)

4.14 Wabonani uBheki endlini kaTholi ngenkathi elunguza uTholi noPamella ngefasitela? Bhala OKUBILI. (2)

4.15 Yini eyadala ukuthi uTholi agcine eselele esibhedlela? (2)

4.16 Uthini umyalezo wale ndaba? (2)
[35]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 35

ISIQEPHU B: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

UMBUZO 5: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu

Kuyahlukumeza ukuphoqelela isiko ngaphezu kwelungelo. Veza ukuthi inkulumo mpendulwano nezenzeko ezimayelana nomlingiswa onguThenjiwe zikugqamisa kanjani ukuhlukumezeka. **[35]**

NOMA

UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu

(UThenjiwe uyasebenza ekhishini ukhuluma yedwa)

Thenjiwe: Sengathi ayisekho le nto engiyiphilelayo emhlabeni. Ukufa kukaSipho kuyimbokodo engisindayo emahlombe. Uyena muntu engangicabanga ukumthanda, ngiziganele yena ngokuzayo. Manje akasekho. Kodwa uDumisani wonke lo. Namuhla ngiyamsusa. Angimenzele itiye. Uphi loya muthi *(acinge).* Ngakhumbula ngawufihla lapha phezulu. Loya baba wangitshela ukuthi uma uwufake etiyeni, ujuqu. *(Awuthathe).* Abakithi sebeyongixolela. Angizenzi. Ngeke ngijabule uDumisani esaphila. Konje ugogo kuthiwa uyangifuna? Angisheshise. Kufuneka uyafika ubaba sengimsusile uDumisani. Ugogo ngiyamesaba. Uzongiphoqelela ukuba ngigane uDumisani. Kufuneka athi eqambe ekhuluma kube kuthiwa ishoba selilele amazolo kulowo. Ingabe uyothini ubaba? Kodwa naye wavele wangitshela ngesiko wagcina lapho. UDumisani angimfuni futhi angizenzisi. Kubi ukubulala umuntu. Sengathi ngingathola into ezonginika isibindi. Ngizovele ngiliginge nje. Hhayi,angingaphuzi ibucayi le nto engiyenzayo, ifuna umqondo uphile kahle. Konje ingane isimbizile uDumisani. Ngilithele itiye ngiqulele lo muthi. Uma eke waqhabula kathathu kuyobe sekwanele. *(Aqaqe iphepha. Afake umuthi etiyeni. Athi ukugoqoza. Kungene uDumisani)* Bengithi uThabi! *(Ethukile)* Nanti itiye. *(Alisondeze etafuleni. Ahlale phansi uDumisani).*

Dumisani: Bengithi alikalungi itiye makoti. Cha uyasheshisa. *(Athele ushukela. Agoqoze. Kungene uThabi)* Nangu-ke uThabi obumfuna.

Thenjiwe: *(Abheke kuThabi)* Nawe ufuna itiye? Kufuneka azenzele. Suka lapha uzochitha itiye lami!

Thabi: Ngifuna ukuphuza lona kanye leli lakho. *(Alithathe)*

Thenjiwe: Kahle wena Thabi! Wenzani! Ngizokwenzela elakho! *(Azame ukumephuca)*

6.1 Ukuphi uThenjiwe njengoba ekhuluma kulesi siqeshana? (1)

6.2 Yini lena eyenza ukuthi uThenjiwe akhulume yedwa? (1)

6.3 Yini lena eyayizonikeza uThenjiwe isibindi sokubulala uDumisani? (2)

6.4 Kusho ukuthini lokhu okulandelayo? Sekela impendulo yakho ngokubhekisa esiqeshini.

6.4.1 Umuthi ongujuqu (2)

6.4.2 Ishoba selilele amazolo (2)

6.5 Yini eyenza uThabi afune ukuphuza itiye elalenzelwe uDumisani? (2)

6.6 Khetha igama elifanele kulawa anikezwe kubakaki:

6.6.1 Kufanele kubizwe (izinduna, amaphoyisa, amadoda) azobamba lesi sigebengu esinguThenjiwe. (1)

6.6.2 (UMntungwa, uSipho, uMondise) kwakungumyeni kaThenjiwe. (1)

6.6.3 Umakhelwane owayezwela uThenjiwe ngoba embona eyedwa (uMaMbatha, uMaMkhize, uMaNzuza). (1)

6.6.4 Indodakazi endala kaMondise (uThenjiwe, uNondumiso, uThabi). (1)

6.6.5 (UGugu, uZungu, uSipho) wabhala incwadi ethi uThenjiwe akashade noDumisani. (1)

6.6.6 (UGugu, uThabi, uNondumiso) ungudadewabo omncane kaDumisani. (1)

6.7 Ukube wena wawunguThenjiwe wawuzolandela isiko noma ilungelo? Sekela impendulo yakho. (2)

6.8 Ngubani umlingiswa osemqoka kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (3)

6.9 Yini eyayenza uThenjiwe athi uSipho nguyena muntu ayengamthanda futhi ayengaziganela yena? (2)

6.10 Yini lena eqhatha/exabanisa abalingiswa kulo mdlalo? Chaza. (2)

6.11 UDumisani uvezwe njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

6.12 UMaMbatha uthi "Siyabonga! Makhulu amadlozi ethu." Yini eyenza uMaMbatha akhulume la mazwi? (2)

6.13 Yayithini incwadi uSipho ayeyibhalele uThenjiwe? (2)

6.14 Yisiphi isigameko esiwuvuthondaba kulo mdlalo? (2)

6.15 Uthini umyalezo walo mdlalo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
[**35]**

NOMA

UMBUZO 7: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Chaza ukuthi inkulumo mpendulwano emayelana nokuguqulwa kwempilo yabantu okwenzeka kulo mdlalo ihambelana kanjani nomlingiswa onguDuma. **[35]**

NOMA

UMBUZO 8: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

(Emagcekeni esikole kunamaphoyisa, osopolitiki ababili, yisikhulu sikaHulumeni kanye nalabo abakade besesibhedlela. Abantu batheleke ngezinkani. Umfundisi nguye ongusihlalo.)

Mazongolo: Njengoba senizizwele osopolitiki bekhuluma nani, naphinde nezwa noDuma exolisa ngokushayisa kwakhe, manje-ke ngizonifundela umbiko wenkosi. *(Alungise ipheshana aliphethe maqede aqale afunde)* Ithi inkosi yesizwe sakithi, "Ngibingelela isikhulu sikaHulumeni, osopolitiki bezinhlangano zabantu kanye nesizwe sonke. Sizwe sami engisithandayo,okwenzekile kufana nento esingeke sisakwazi ukuyiguqula. Asebefile ngeke sibavuse kodwa ngethemba ukuthi sifunde lukhulu kukho konke osekwenzekile. Ngabe angiyazi into engiyiphilelayo uma ngingababongi laba bantu besifazane ababili umkami uMaNgema, kanye noMaShezi, umkaDuma. Bobabili babambe iqhaza elibalulekile kakhulu ekucisheni lo mlilo.Ngempela baqinisile abathi, abantu besimame bayimbokodo. Kusukela manje ikhansela lizoqhubeka nohlelo lokuletha intuthuko esizweni sami. Nalo liqaphele ukuthi lisebenzisana nabantu abanjani. Mina-ke ngizolisiza ikhansela. Njengoba alikabi nayo indlu yokusebenzela, mina nginikela ngendlu elaphaya emzini wami. Leyo ndlu iseduze kwesango. Yiyo-ke ezoba yigunjana azohlelela kulo konke okuqondene nemisebenzi yakhe. Ngizovala ngokubonga amaphoyisa asebenze ngokuzikhandla ukubhula lo mlilo. Yimina inkosi yenu uShandu."

Abantu: *(Bonke kanye kanye)* Ndabezitha!

Mazongolo: *(Agoqe ipheshana lelo)* Sizwe senkosi, uNdabezitha useshilo! Hambani nani nenze njalo! UNkulunkulu emuhle uzosisiza! Makadunyiswe!

Abantu: *(Bonke kanye kanye)* Makadunyiswe!

(Kuvame ukuxhawulana. UMaNgema agxumele uMaShezi sakumanga. Isizwe sihlakazeke. Abagomothelene baze basale bodwa. Makhathaleni nabo badedelane, bahambe bebambene ngezandla.)

8.1 Ngokwalesi siqeshana uDuma uxoliselani? (2)

8.2 Ngobani abakhona kulo mhlangano obalulekile? Bhala ABATHATHU (3)

8.3 Kusho ukuthini ukuthi abantu batheleke ngezinkani? (2)

8.4 Ngobani okuthiwa bafile? (2)

8.5 Yini eyenziwa nguMaShezi noMaNgema ekuletheni uxolo. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

8.6 Abadlali abalandelayo bavezwe kanjani kulo mdlalo?

8.6.1 Inkosi uShandu (2)

8.6.2 Induna uDlamini (2)

8.6.3 Ikhansela uDuma (2)

8.7 Yini eyabangela ukuthi inkosi ingene esibhedlela? (2)

8.8 Kungani umbhali ethi "abantu besimame bayimbokodo?" Chaza. (2)

8.9 Yini eyasindisa uDuma ngenkathi kunodlame endaweni? (2)

8.10 Bhala izinhlelo zentuthuko EZINTATHU ezazizolethwa yikhansela endaweni. (3)

8.11 Wayeqonde ukuthini uSayitsheni ngokukhuluma la mazwi kuDuma?

"Amakhansela afana nawe vele ayahluleka ukwenza umsebenzi wawo ngoba ayajiyelwa ngukuthi indawo yaseMlazi ayifani nendawo yasemakhaya enenkosi." (2)

8.12 Yini eyenza ukuthi ikhansela liye kuSayitsheni? (2)

8.13 Yini eyenza sikholwe ukuthi udlame lususwe ezombusazwe kule ndawo? Sekela impendulo yakho. (2)

8.14 Wayeyokwenzani uDuma esibhedlela okwakulele kuso inkosi uShandu? (2)
[35]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 35

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu esilandelayo. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

UMBUZO 9: *UMUNWE* – S Zimema

IsiZulu sithi "Akukho qili lazikhotha emhlane". Ngokubhekisa endabeni emfushane enesihloko esithi UMUNWE, chaza izehlakalo ukuthi ziholele kanjani kwingwijikhwebu etholakala esiphethweni sayo. **[35]**

NOMA

UMBUZO 10: *INGODUSO* – S Bhengu

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Cha, angethembe nje bandla ukuthi ngiyothi noma sengifika kuye axole ngesimanga sokungambhaleli kwami kule minyaka emibili sagcinana, ngoba phela akekho obazi ukuthi bengisendlini emnyama le kwandongaziyaduma. Ngibonga nje nakho ukuthi nalokhu engangiboshelwe khona akutholakalanga, ngiyofike ngikuthi qithi kuNokwazi, ngithi, "Yesula izinyembezi nganazi izindodla zemali Sithandwa".

Ngidwanguze-ke kubo ubumnyama lobu obuhambisana nenkungu. Ngithi nhla ewashini. Kuyoshaya ihora lesishiyagalolunye manje. Cha, akukubi kakhulu, nansiya nemizi laphaya phesheya isakhanyisile. Into embi ngale ndawo yakubo kaNokwazi ngukuthi isephansi kakhulu, ayikakabi nazimoto eziningi ezisebenza ukuthutha umphakathi. Khona-ke ngalezi zikhathi izimoto kusuke sekungabakhwekazi, ngeke uyithole ngisho usuthanda. Cha, ayinginiki ukuthula indawo yangakubo, ngingazi-ke ukuthi kanti umsebenzi wala makhansela abawakhethayo yini uma le ndawo ingakabi nagesi emgwaqeni, ingakabi nazingcingo, nomgwaqo usenje, ibhuqu nje eligcwele uthuli. Kusho ukuthi kuyothi singashada, ngimthathe siyozihlalela le edolobheni, sikhombe ngophakathi. Nansi nje imali engaze ngachitha iminyaka emibili yonke ejele ngenxa yayo; sengiphumile-ke manje. Sizohlala kahle naye, sandise umndeni lo wamaNgwane.

10.1 Bhala igama lomxoxi wale ndaba. (1)

10.2 Chaza ukuthi umxoxi wale ndaba wangena kanjani kule ndawo abehleli kuyo. (2)

10.3 Chaza ukuthi lokhu okulandelayo kusho ukuthini:

10.3.1 Bengisendlini emnyama kwandongaziyaduma. (2)

10.3.2 Indawo yakubo kaNokwazi isephansi kakhulu. (2)

10.3.3 Ngalesi sikhathi izimoto sekungabakhwekazi. (2)

10.4 Ngokwalesi siqeshana, umxoxi wale ndaba ucabangani ngokuphatha kwamakhansela? (3)

10.5 Ngabe ngumbono noma yiqiniso ukuthi uNokwazi wabulawa yisibhamu? Sekela impendulo yakho. (3)

10.6 Yukuphi okufanayo phakathi kukaNokwazi nentokazi okwakuthiwa ihlala emfuleni. Bhala OKUBILI. (4)

10.7 "Ngilapha nje ngizobheka ingoduso yami." Yini ingoduso? Chaza. (2)

10.8 Bhala izinto EZIMBILI okwakufanele abone ngazo umxoxi ukuthi uNokwazi usashona. (2)

10.9 Veza ukuthi isihloko sale ndaba sihambisana kanjani nayo. (2)

10.10 Chaza ingwijikhwebu etholakala ekupheleni kwale ndaba. (3)

10.11 Ngekabani le ndunduma yomhlabathi umxoxi aphaphama elele phezu kwayo? Sekela impendulo yakho. (3)

10.12 Qondanisa UHLU A NOHLU B.

UHLU A	UHLU B
10.12.1 UNgwane	A yingane yomxoxi wendaba
10.12.2 UGodide	B umfowabo kaNokwazi
10.12.3 USanele	C uyise kaNokwazi
10.12.4 UPhumlani	D isibongo somxoxi

(4 x 1) (4)

[35]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

ISIQEPHU D: IZINKONDLO

IZINKWAZI ZOTHUKELA/AMAHLOKOHLOKO – EJ Mhlanga no JJ Thwala

UMBUZO 11

Khetha izinkondlo EZIMBILI kuphela bese uphendula imibuzo.

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Komile Geqe – LMMS Madondo

Kungathi yiminyakanyaka,
Imvelo ithule ayithi nyaka,
Ugagane ungafunga lomile,
Isinqawe sikubingelela ngameva
Usondela ukusondeza ngameva
Konke kuthule kuthule cwaka.

Izinkomo yizimbanjana zimbuncene,
Kushayana amadolo ziqothukile,
Ukutanasa nokudishazela kuphelile,
Ukubhonsa nokubhonga kunyamalele,
Imvelo ilele notshani buhambile
Konke kwemukile kusikekile,
Inkemane imile iphango libhokile.

Amaxoxo anyamalele kuthule cwaka
Izinhlanzi ungafa yizo kuphele ukugxuma,
Imfundamakhwela ayibonwa umdwebo do,
Ujekamanzi uzichome obhukwini wangena shi,
Abakonyoka bahulazelele bayabhaca,
Isiziba sibe wubindiza zoma nke.

Yisikhathi esinzima sendlala
Indlala engahambi kuhamba inala,
Ukudasazela ngezisukazi ezicwebezelayo,
Kuphelile izisu sambaqana zasha,
Konke ngathi akuseyukubuya,
Usuku lude ngayiminyaka.

Ubingelelwa yimifantukazi eminkenke,
Umtshuzo wabafana bezinkomo uphelile,
Amandambi ajokole abuyela emafini,
Inyanga iyidedele imvula ayimumethe.
Ungqoqwane ugqogqe ngekhaza
Lwagqogqeka lonke uhlaza.

11.1 Tomula amagama AMABILI ezihlahla atholakala endimeni yokuqala. (2)

11.2 Bhala uhlobo lwesifenqo olutholakala kulo mugqa:

"Isinqawe sikubingelela ngameva" (1)

11.3 Kuchaza ukuthini lokhu " izinkomo yizimbanjana zimbuncene"? (2)

11.4 Hlobo luni lwemvumelwano olutholakala emgqeni we-11 kuya kowe-13? Bhala nesibonelo. (2)

11.5 Ebinzeni/endimeni yesibili tomula igama elisho indlala/ukulamba. (1)

11.6 Yini eyenza ukuthi izilwane ezitholakala ebinzeni/endimeni yesithathu zingajabuli? (2)

11.7 Ukusetshenziswa kwezenzukuthi ebinzeni/endimeni yesithathu kuwulolonga kanjani umqondo? (2)

11.8 Mdlalo muni odlalwa ngabafana uma belusile okukhulunywa ngakho ebinzeni/endimeni yesihlanu? (1)

11.9 Tomula igama elihlonipha amanzi elisebinzeni/endimeni yesihlanu. (1½)

11.10 Wena ucabanga ukuthi "ukudasazela ngezisukazi ezicwebezelayo" kusho ukuthini futhi kwenzeka ngasiphi isikhathi sonyaka? (3)
[17½]

NOMA

UMBUZO 12

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Sithandwa sami – T Qwabe

Sengikhona ngingangawe;
Woza mnta kamama,
Woza ethafeni lokuhlangana kwethu,
Lapho kushaya khona umoya opholile,
Lapho kuhlanganise khona umculo omtoti,
Wezinyoni ezicikoza kamtoti okokhokho bazo,
Nowezinyosi ezizingela impova namanz' oju.

Woza sithamundelane izindaba zothando,
Olumi ngezinyawo ludlula iziqongo,
Sixoxe kunganyakazi izindebe zomlomo,
Odlulayo nobukayo ababuke phakathi,
Engibuka angibone ngisenhlameni yenomfi,
Kanti ubuso bami nokuzithoba kwami,
Yikhona okumshaya ngemfe iphindiwe.

Woza s'thandwa senhliziyo yami,
Ngikugqolozele ungigqolozele ezinhlamvini zamehlo,
Ziphuphuma ukwethaba nothando olucwebile,
Oluyaye kushayelwe ubuwahlawahla behlombe,
Wulwandle ludlalisela phambi kwethu,
Luzibumbela imibimbi emihle ekhangayo,
Efa ivuke ngokuphazima kuhle okwedangabane.

Woza s'thandwa senhliziyo yami,
Ngikubambe ngqi ngikuwolele esifubeni,
Ucamele kusona sethabe othandweni olujulile.

Mina nawe sahlanganiswa kubuk'ilanga
Ngakukhipha ngikubambe ngesandla,
Usubavumile abakhwenyana basemzini,
Ngakubamba ngesandla usuya emzini
Ngafike ngakushiya ngezinyembezi ezazigeleza,
Ezazivovwa yinhliziyo yami eyayidangele,
Ngakushiya ngabuya ngingasakuphethe ngezandla,
Kepha sengikuphethe ngenhliziyo nengqondo.
Woza-ke s'thandwa senhliziyo yami,
Wena ungowami,
Nami ngingowakho,
Size sihlukaniswe ngukufa.

12.1 Bhala indawo lapho imbongi efisa ukuthi ihlangane khona nesithandwa sayo. (1)

12.2 Hlobo luni lwesifenqo olutholakala emgqeni wama-25? Shono ukuthi sibe namthelela muni emqondweni wale ndima. (3)

12.3 Ukwenzenjani "ukushaya ngemfe iphindiwe?" (1)

12.4 Iqonde ukuthini imbongi uma ithi "size sihlukaniswe ngukufa"? (2)

12.5 Bhala uhlobo lokuxhumana olutholakala ebinzeni/endimeni yokuqala unike nesibonelo. (2)

12.6 Veza impindwa etholakala kule nkondlo bese uyachaza ukuthi ibe namthelela muni ekugqamiseni amandla othando. (3)

12.7 Phawula ngemigqa yale nkondlo usho ukuthi ibe namthelela muni kwisigqi sayo. (1½)

12.8 Qondanisa UHLU A NOHLU B.

UHLU A	UHLU B
12.8.1 Umculo omtoti.	A Sixoxelane
12.8.2 Sithamundelane	B Ngikubheke
12.8.3 Ngikugqolozele	C Umculo omnandi
12.8.4 Sethabe	D Umculo ongemnandi
	E Sijabule
	F Ngikulalele

(4 x 1) (4)
[17½]

NOMA

UMBUZO 13

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Kudla fumuka kudle silaza – FF Mbatha

Sinizwa kahle zikhulumi,
Nithi asesule izinyembezi ezigelezayo,
Sikushaye indiva ukubalisa kwezinhliziyo,
Sikholwe singakholwa yiqiniso –
Umfowethu uselifulathele elakwamhlaba.

Siyanizwa zikhulumi,
Nithi asigwiny' itshe singemifula,
Silalel' usizi lusijijimeza,
Lusijijimeza ngemicibisholo,
Ngemicibisholo yezinhlungu.

Bekufanele yini
Ukufa kumakhel' uzungu,
Kancane kancane kumcathamela,
Kumcathamele kumholele ophathe
Engazelele kumbhozomele kumjuqe?

Bekufanele yini
Ukufa kusine kuzibethele,
Iminjunju idlale ngaye,
Izinhlungu zichachaze kuye.
Ubuhlungu bube buhlungu kabuhlungu?

Bekufanele yini
Impophoma yezinyembezi igobhoze,
Ithantala lezinyembezi ligeleze,
Ligeleze njalo lemuke nempilo,
Impilo okungukuphela kwayo?
Bekufanele yini
Injabulo nezifiso kungafezeki,
Ukufa kumhlwithe ngesidlozana?
Kufa awunanembeza,
Ngokudla fumuka udle silaza.

Siyanizwa baduduzi,
Nith'asigwiny'itshe sixole.
Nithi lena yingoma mtshelekwana,
Akukhethi bala nanyaka,
Kudla fumuka kudle silaza.

13.1 Tomula igama elisebinzeni/elisindimeni yokuqala elikhombisa ukuthi kukhulunywa ngomuntu wesilisa. (1)

13.2 Ngobani izikhulumi ezitholakala endimeni/ebinzeni lokuqala? (2)

13.3 Bhala umugqa osendimeni/osebinzeni lokuqala okhombisa ukuthi abantu bayakhala. (2)

13.4 Kuchaza ukuthini ukuthi "Umfowethu uselifulathele elakwamhlaba"? (2)

13.5 Yini lena okuthiwa idla fumuka idle silaza? (1½)

13.6 Ngabe isihloko sale nkondlo sichaza ukuthini? (2)

13.7 Bhala umugqa otholakala endimeni/ebinzeni lesihlanu ositshela ukuthi lo muntu okukhulunywa ngaye bekusekuningi abesafuna ukukwenza empilweni. (2)

13.8 Kungani imbongi ibiza ukufa ngengoma mtshelekwane? (3)

13.9 Bhala umugqa otholakala endimeni yokugcina ofakazela ukuthi ukufa kuthatha bonke abantu futhi noma ngasiphi isikhathi. (2)
[17½]

NOMA

UMBUZO 14

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Ingqalabutho – LMMS Madondo

Ingqalabutho, umzukulu kaMakhwatha.
Umshini noLeah babeziqhweba inqulu,
Ngengqalabutho kaZulu.
Wabhul' umbethe nonhlevu.
Nawe Groutville awumncinyana.
Engathi sihaya nje uwe
Owasifundisa ukuhaya ngesimanje.
Wabhul'umbethe ngeNkondlo kaZulu,

Inkondlo kaZulu kwakuyizibulo lakho
Inkondlo kaZulu wavusa uZulu
Wayikhomba indlela kaMakhwatha
Wayikhomba inyathuko njengomholi
Sikhuleka kuMshini benoLeah.

Emva kweshumi leminyaka,
Inkondlo kaZulu yelanywa
Ilanywa Amal' eZulu
Amal' eZulu akunika izimpiko
Wadlondlobala kwajabha izimfamona
Zibona uqombola ummango, uqopha umlando.
Sibongela uMshini noLeah
Kwale noma bekucokofula.

Abamhlophe nabansundu
Thina sithi akusoka lingenasici
OTaylor benomlingani wakhe uGerard
Babethi bakwehlisa isithunzi
Kanti bukushunqisela impepho
Impepho yokudla ubhedu lobunyosi
Sibonga isisu sakho Leah.

Izimbong' eziningi zikushayel' ihlombe
Zitusa ikhono ingqayizivele
Zith' uVilakazi ingqalabutho
Enyunivesi yabamhlophe abelungu.
Nakuba ilanga lashona useliguqa,
Ukulwile ukulwa okuhle
Umzabalazo wakho usezandleni zethu,
Imbenge owayiqalayo,
Siyosala siyiphetha.
Izinyembezi esakukhipha ngazo,
Namuhla ziyintokozo nethemba.

14.1	Ngonjani umuntu obizwa ngengqalabutho?	(2)
14.2	Ngubani le ngqalabutho okukhulunywa ngayo kule nkondlo?	(1)
14.3	UMshini no Leah bayini kule ngqalabutho esenkondlweni?	(2)
14.4	Bhala igama lendawo eyazalelwa kuyo le ngqalabutho.	(1)
14.5	Bhala igama lencwadi yokuqala eyabhalwa yile ngqalabutho ngokwale nkondlo?.	(2)
14.6	Yiliphi igama lokuhlonipha elitholakala endimeni elisho "indlela".	(1)
14.7	Phawula ngemigqa etholakala endimeni yesine ukuthi ibe namthelela muni kwisigqi sale nkondlo.	(2½)
14.8	Bhala uhlobo lwesifengqo esitholakala emgqeni we-15 bese uyasho ukuthi siwulolonga kanjani umqondo wale nkondlo.	(2)
14.9	Shono uhlobo lokuxhumana olutholakala endimeni yesithathu bese uyachaza ukuthi kube namthelela muni ekugqamiseni umqondo wale ndima.	(2)
14.10	Ukwenzani ukucokofula umuntu? Chaza.	(2)
		[17½]

AMAMAKI ESIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70